



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

LWEZI 2024

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

AMAMAKI: 80

Lo mhlahlandlela wokumaka unamakhasi angama-34.

Imiyalelo yokumaka leli iphepha

1. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo engaphezulu kwalena ebekumele ayiphendule, maka kuphela impendulo yokuqala/okokuqala okuphenduliwe.
(Ohlolwayo akumele aphendule umbuzo omude kanye nombuzo omfushane encwadini eyodwa/efanayo)
2. Uma ohlolwayo ephendule yonke imibuzo emine esiqeshini A, (izinkondlo ezimiselwe), maka kuphela ezimbili zokuqala.
3. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo emibili emifushane noma emibili emide esiqeshini B no C, maka impendulo yokuqala ngesiqephu bese uyayiyeka impendulo yesibili. Uma ohlolwayo ephendule yonke imibuzo emine, maka impendulo yokuqala kuphela isiqephu ngasinye, uma kuya ngokuthi umbuzo omfushane kanye nomude uphenduliwe.
4. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo emibili bese impendulo yokuqala ingashayi emhlohleni kanti eyesibili ishaya emhlohleni, maka eyokuqala bese **uyayiyeka** eyesibili.
5. Uma ohlolwayo ebhale izinombolo zemibuzo ngokungeyikho, maka njengoba izinombolo zikhonjiswe umhlahlandlela wokumaka.
6. Uma isipelingi siguqule umqondo wempendulo, makanganikwa amamaki ohlolwayo. Uma isipelingi sinamaphutha kodwa singawuguquli umqondo wempendulo, makanikwe amamaki agcwele ohlolwayo.
7. **Imibuzo emide**
Uma ohlolwayo ephendule umbuzo omude waba mfushane kunenani lamagama anikeziwe ungamphuci amamaki ngoba vele useziphuce yena. Uma impendulo iyinde kakhulu maka ubheke umqondo oqukethwe impendulo bese **uxoxisana nalowo ophethe iqembu labamakayo (Senior marker)**. Sebenzisa irubhriki **eyisingezelelo A no B** ukumaka nokunikeza amaphuzu ombuzo omude walowo ohlolwayo.
8. **Imibuzo emifushane**
Uma ohlolwayo engasebenzisi omacaphuna (inverted commas) uma ecelwe ukuba acaphune, **ungamphuci amamaki**.
9. **Imibuzo evulekile**, awekho amamaki anikezwa u-YEBO/QHA noma NGIYAVUMA/ANGIVUMELANI. Isizathu/ukwesekela/ukwenaba yikhona okunikezwa amamaki.
10. Awekho amamaki atholwayo ngo-YIQINISO/AKULONA IQINISO noma UMBONO/IQINISO. Isizathu, ukwesekela/ukwenaba yikhona okunikezwa amamaki.

ISIQEPHU A: IZINKONDLO**UMBUZO 1 (UMBUZO OMUDE)****'ITHALA LOBUNZULU' – EJ Mhlanga**

- Ungasebenzisa la maphuzu kanye namanye njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo. Izimpendulo zingahluka kuya ngokuthi ohlolwayo uwuqonde kanjani lo mbuzo.
- Sebenzisa irubhrikhi yokuhlola lo mbuzo esekhasini lama-33.

ISINGENISO

Ohlolwayo makaphawule ngalesi sitatimende, aphinde asekele umbono wakhe. Imbongi ithi imfundo eyatholwa yisizwe esimnyama yiyona eyaletha ukukhanya empilweni yabo njengoba sebekwazi ukuxoxa umlando.

UMZIMBA

Ohlolwayo anganikeza ubufakazi ngokukhetha amagama alandelayo namanye anembayo:

Amagama akhethwe yimbongi aveza umoya nethoni.

Mtaka Ndul' emnyama– Imbongi igqamisa ukuthi ikhuluma nabantu abansundu okuyibona efisa ukuthi bakhuthale bafunde ukuze baphumelele.

Abasezitheni bawugqiba ngezixhokolo – Imbongi ikhathazekile ukuthi abezinye izizwe babengafuni ukuthi abantu abamnyama baphumelele.

Selibukwa ngobhaqa – Imbongi ithi imfundo ifike yaletha ukukhanya/ulwazi.

Ithi abantu bafunde bakwazi ukuthola imisebenzi emihle.

Enezimpik' ingandiza iyophuza – Imbongi inxusa abantu ukuba bayofunda ukuze kuguquke isimo sabo sempilo nesomnotho.

Ugqinsi lwenkungu – Imbongi igqugquzela ukuba abantu baye kofunda khona bezovuleka umqondo, babe nolwazi.

Inkundla ngeyakho bhaqa lwangomuso – Imbongi igqugquzela abangakafundi kanye nalabo abafundayo ukuthi sesifikile isikhathi sokuba umuntu aveze isikhali sakhe esizomsiza kusasa ukuze aphile impilo engcono.

Nangosib' oluxox' imibono – Imbongi iveza ukubaluleka kokuhloma ngesikhali esiyimfundo njengoba sebekwazi ukuqopha phansi konke okwenzekayo nokubek imibono yabo.

ISIPHETHO /UVO LOMFUNDI: Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe. Impela imbongi ikwazile ukukhetha amagama aveza umoya nethoni kule nkondlo. Lokhu kwenze kwavela ukuthi abantu abamnyama bathole ukukhanya nolwazi ngenxa yemfundo abayitholile bakwazi ukuxoxa umlando.

Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe.

[Makunikezwe amamaki aphelele ngempendulo esekelwe kahle]

[Impendulo eyi-eseyi ehleleke kahle ngokwemigomo yokubhalwa kwe-eseyi. Mayibe namagama ayi-190 kuya kwangama-240.]

[10]

UMBUZO 2 (UMBUZO OMFUSHANE)**'IMVELO' – KNN Gcumisa**

- 2.1 Ngizw' amehlo ami ehungeka,
Ehungwa uthando lwemvelo,/ Ehungwa uthando lwemvelo,/ Imvelo eyadalwa uMdali.

Ukuxhumana okutshekile. (2)
[Nikeza amamaki amabili uma ekutomulile wakugagula ukuxhumana]
- 2.2 Imbongi isebenzise umoya wokuncoma/ukutusa kule migqa. Imbongi incoma/itusa ubuhle bemvelo ebubonayo. Imbongi ibona izilwane eziphila ngokujabula esibhakabhakeni nasemhlabeni.
[Nikeza amamaki amabili uma echaze kafushane umoya wale migqa] (2)
- 2.3 Yingoba le mvumelwano siqalo u' **ngi.**' idale umgqumo omnandi osamculo. Iphinde igqamise ukuthi yiyo uqobo ezwa uthando lwemvelo oluyenza ijabule njengenkonyane.
[Nikeza amamaki amabili uma eyichazile imvumelwano wasekela] (2)
- 2.4 Inhloso yembongi yokusebenzisa isenzasamuntu ukunxusa abantu ukuthi abakhombise uthando emvelweni njengoba nayo imvelo ilusizo ebantwini.
[Nikeza amamaki amabili uma evezile ukusetshenziswa kwesifengqo]
[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (2)
- 2.5 Imbongi iphumelele kahle ukudlulisa umyalezo othi, 'abantu abapheze ukuhlukumeza imvelo.' Imbongi ayijabuli uma ibona bantu bengayikhathaleli, bengabuboni ubuhle nomsebenzi owenziwa yimvelo okungaletha ukuhlupheka kubo uma ingasekho.
[Nikeza amamaki amabili uma exoxile ngempumelelo yokudlulisa umyalezo]
[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (2)

[10]**UMBUZO 3 (UMBUZO OMFUSHANE)****'UKUTHULA' – BW Vilakazi**

- 3.1 Ehlabathin' elimbhloph' eligcwel' ufasimbe - ifanankamisa
[Nikeza imaki elilodwa uma etomulile uhlobo lwefanamsindo] (1)
- 3.2 Leli binza liqukethe umoya wokulangazelela. Imbongi ilangazelela ukwazi kabanzi ngemvelo ekhuluma ngayo kule nkondlo. Ukuthula kanye nokwenzeka kule ndawo yikho okwenza imbongi ifise ukuba ingabi yodwa kepha ibe kule ndawo nalowo osenhliziyweni yayo.
[Nikeza amamaki amathathu uma exoxile kafushane ngomoya] (3)
- 3.3 Imbongi ithi le ndawo yenza ukuthi ibe nogqozi nentshisekelo yokuyivakashela ngoba imenza aphile ngendlela efanele.
[Nikeza amamaki amabili uma echazile umqondo wemigqa] (2)

- 3.4 Ngicabanga ukuthi leli gama lisetshenziselwe ukuthi ngiqonde ngemfihlakalo yemvelo etholakala uma usolwandle njengoba abantu ababhukudayo bashintshe isimo sabo ngokushona bavumbuke njengawo amahlengethwa.
[Nikeza amamaki amabili uma echazile ukuthi likhethweleni igama wasekela]
[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (2)
- 3.5 Imbongi iphumelele kahle ukusebenzisa isizura u 'i' ukubala izinto ezizwayo/ ezenzekayo kuyo nakulabo abakule ndawo. Imbongi ithi iyabathanda laba bantu nabo bayayithanda yingakho imema isithandwa sayo ukuthi size naso sizozizwela lokhu okumnandi ekuzwayo.
[Nikeza amamaki amabili uma ephawulile ngokusetshenziswa kwesizura]
[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (2)
- [10]**

UMBUZO 4 (UMBUZO OMFUSHANE)

'ZINGQWELE ZE-AFRIKA' – (Sankomota) – VS Khumalo

- 4.1 Umhlaba uzolile,
Uhloniph' izingqwele

Umhlaba uzolile,
Uhloniph' izingqwele
[Nikeza amamaki amabili uma eyitomulile imvumelwano] (2)
- 4.2 Ehlokoma namahlokokhlok' ehlobo, kunikeza umqondo womsindo omnandi womculo oledwa ubumtoti bamaphimbo eqembu leSankomota.
[Nikeza amamaki amabili uma exoxile ngomqondo walo mugqa] (2)
- 4.3 Umugqa we-16 kuya kowe-18 iqukethe ithoni yokujabula uma izwa becula kwaphela ngisho amahloni nayo icula ijabulela nempumelelo yaleli qembu.
[Nikeza amamaki amabili uma eyichazile ithoni wasekela] (2)
- 4.4 Imbongi ihlose ukukhombisa ukugcizelela ukuthi ukulalela lo mculo kwenza ukuba kuphele ukungazwani/inzondo esuke ikhona ebantwini.
[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso wasekela]
[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (2)
- 4.5 Imbongi iphumelele kahle ukusebenzisa ukuxhumanamaphakathi ukugqamisa ukuthi lo mculo waleli qembu usabalalise uthando umhlaba wonke jikelele.
[Nikeza amamaki amabili uma ephawulile wasekela]
[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (2)
- [10]**

KANYE

UMBUZO 5 (UMBUZO OMFUSHANE)**'NGAPHIWANI?' – GC Nyanda no JJ Thwala**

- 5.1 Imbongi isebenzise uphawu ukuzibuza ngezitho zomzimba ezahlukene eyaphiwa zona.
[Nikeza amamaki amabili uma eshilo ngokusetshenziswa kophawu] (2)
- 5.2 Imvumelwanomaphakathi isetshenziselwe ukudala umgqumo omnandi osamculo nokugcizelele ukuthi imbongi ikhuluma ngayo uqobo njengoba ithi ebinakho ayikunakekelanga.
[Nikeza amamaki amabili uma echazile kafushane ukusetshenziswa kwemvumelwanomaphakathi] (2)
- 5.3 Ithoni etholakala ebinzeni lesi-3 eyokudumala/ukudangala/ukujabha. Imbongi idunyazwa izenzo zayo zokulalela okungaqondene nayo yaphendukezela imizamo yabanye abantu.
[Nikeza amamaki amabili uma eyihumushile ithoni wasekela] (2)
- 5.4 Okufanayo ngempindwa etholakala kule nkondlo izitho zomzimba. Imbongi ithi ihlulekile ukuzisebenzisa ngendlela elindelekile yingakho inokudideka okukhulu.
[Nikeza amamaki amabili uma enikezile okufanayo ngempindwa wasekela]
[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (2)
- 5.5 Imbongi ikwazile ukudlulisa umyalezo wokuthi uma unikezwe izitho zomzimba kumele uzisebenzise ngendlela efanele.
[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile imicabango ngomyalezo wasekela]
[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (2)

[10]**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO

UMBUZO 6 (UMBUZO OMUDE)

BENGITHI LIZOKUNA – NG Sibiya

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlohleni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-34 ukumaka i-eseyi.

ISINGENISO

Abantu abaningi bayaye bangakwazi ukubonga izinto abanazo babe nokufuna okungaphezulu noma abangabelwanga khona, bafune ukuzikhethela. Abanye abalingiswa kule noveli bakhombise ukungeneliswa benza izinto ezidale ukuthi balahlekelwe okukhona ngokungekho.

UMZIMBA

Ohlolwayo angasebenzisa la maphuzu alandelayo namanye amayelana nendlela abalingiswa abanganeliseki ngayo kule noveli.

- UNgidi unendodana enguMhlengi, iyamthanda, ivamile ukuza izomvakashela.
- UMhlengi ufundile, waqeda isikole, wazithengela imoto.
- UNgidi uphinde abe yisigwili, unomuzi omkhulu imali eningi nepulazi.
- Konke lokhu akumenelisi ngoba uMhlengi uthi angamtshela ukuthi uyi'gay' angamemukeli afune ukuba aziphoqelegele ukuba ngumuntu wesilisa angesiye. Akeneliseki yikho konke akuzuzile empilweni.
- Ekugcineni ulahlekelwa ubudlelwano nendodana yakhe, unokuzisola ngokusebenza kanzima ekhulisa indodana yakhe uMhlengi.
- UNontobeko akakwazanga ukweneliswa ukuthi uMhlengi akasenalo uthando lwakhe futhi ube neqiniso wamtshela akazange anyamalale nje engashongo lutho.
- Uthola isoka elisha, elimthanda ngokweqiniso kepha yena akagculiseki yilolu thando nakho konke anakho ngoba ushiya uNkululeko uyahamba uyofuna uMhlengi.
- Uyaphoxeka ngoba umthola esengumuntu wesifazane kanti nomuntu abezoshada naye usemlahlekele ngoba usezibulele.
- UXolani ushadile unenkosikazi emthandayo nezingane. Unomuzi kanti impilo yabo ithuthukile ngoba banebhizinisi.
- Uthi angabona uMhlengi angabe esaneliseka yikho konke akuzuzile empilweni agcine esethandana naye.
- Ulahlekelwa ubudlelwano obuhle abanabo nenkosikazi yakhe uLungile ugcina eshelwa yindlu nezingane ngenxa yokunganeliseki.

ISIPHETHO (Uvo lohlohlwayo)

Abalingiswa abaningi babonakele ukuthi abaneliswa yilokho abanakho. Lokhu kudala ukuthi bagcine sebelahlekelwa ngokuningi empilweni kunalokho abanakho.

Abantu mabazifundise ukweneliseka ngoba ngeke ube nakho konke empilweni.

(Abafundi bangasebenzisa namanye amaphuzu akhombisa indlela abalingiswa abanganeliseki ngalokho abanakho ukuphendula umbuzo.)

(Ohlohlwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo.)

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/izimpendulo ezinganikeziwe lapha]

[25]**UMBUZO 7 (UMBUZO OMFUSHANE)*****BENGITHI LIZOKUNA – NG Sibiya***

- 7.1 Izenzo ezibonisa ukukhathazeka kukaMhlengi ukuthi ugobodise ikhanda, udonsa umoya kakhulu nokugqolozela uNontobeko ngamehlo acweba izinyembezi.
[Nikeza amamaki amabili uma ezivezile izenzo] (2)
- 7.2 Umshado kaNontobeko noNkululeko ugcina ngokungenzeki, uthando lwabo luphela kabuhlungu ngezinyembezi. UNontobeko wala uNkululeko, uNkululeko uyakhala akaduduzeki. Lokhu kuyafana nesigameko esenzeka lapha. UMhlengi uyakhala ngoba uzokwala uNontobeko ngenxa yokuthi usefuna ukuyophila impilo ehambisana nemizwa yakhe.
[Nikeza amamaki amabili uma eyamanise isigameko] (2)
- 7.3 Bobabili babuyisa ithemba kuNgidi. UNontobeko ubuyisa ithemba kuNgidi ngemuva kokuba elahle ithemba lempilo ngesikhathi kuhamba uMhlengi kanjalo noShezi wabuyisa ithemba kuNgidi lokutholakala kukaMhlengi esemcinge wahluleka kepha uDlaba uyamthola.
[Nikeza amamaki amabili uma ekunikezile okufanayo] (2)
- 7.4 UNdumiso uvakashela uMahlengi kepha uMahlengi ukhombisa ukungamenameli ngoba ingqondo yakhe ikude futhi akamnakile ufica izingilazi ezimbili azifice etafuleni. Lokhu kwakufakazela imidlinzo yakhe ukuthi uMahlengi useqomile. UNdumiso uthukutheliswa nguMahlengi othi uma emqabula angawavali amehlo njengenhlalayenza.
[Nikeza amamaki amabili uma isisusa sodweshu] (2)
- 7.5 Umbhali uhlose ukusikhombisa ukubaluleka kwamalungu omndeni. UZinhle ungomunye wabaduduzela uNkululeko ngenkathi elahlwe nguNontobeko ngosuku olwandulela elomshado. Uyamqinisekisa ukuthi bakhona bona njengomndeni wakhe futhi bayamthanda.
[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso yombhali] (2)

- 7.6 Umbhali uphumelele kahle ukucikozisa ngoba le ngoma ibikezela ukuthi uXolani uzogcina elazi iqiniso lokuthi uMahlengi ubengumuntu wesilisa wazishintsha waba ngumuntu wesifazane. Nangempela uXolani wagcina elazi iqiniso ngenkathi efika uNgidi noNontobeko efulethini likaMahlengi enethemba lokuthi uzomduduzisa njengoba kushe umuzi wakhe kwafa nezingane.
[Nikeza amamaki amathathu uma elivezile isu lokubikezela] (3)
- 7.7 UNdumiso uthukutheliswa ukuthi kukhona umuntu ayekholwa ukuthi umbangisa intombi, futhi ufuna ukumephuca yona.
[Nikeza amamaki amabili uma ezishilo izizathu zentukuthelo] (2)
- 7.8 Umlandi kulesi siqeshana uyachaza, uchaza intukuthelo kaNdumiso. Uphinde achaze uS'bu ngezenzo njengoba epholisha izicathulo futhi emamatheka.
[Nikeza amamaki amabili uma echazile umsebenzi womlandi] (2)
- 7.9 Izigameko ezifanayo kuvuthondaba ukuthi bobabili bashiya abantu ababathandayo emakhaya baya kuMhlengi/okuwuMahlengi. UNontobeko ushiye umuntu amthandayo onguNkululeko wahamba wafuna uMhlengi wathola ukuphoxeka uma esethola uMhlengi wazishintsha waba ngumuntu owesifazane. Kanjalo noXolani ushiye inkosikazi emthandayo ekhaya waya kuMahlengi wathola ukuphoxeka uma ethola ukuthi uMhlengi wazishintsha waba ngumuntu wesifazane.
[Nikeza amamaki amathathu uma ezivezile izigameko ezifanayo kuvuthondaba] (3)
- 7.10 Wawuzoba muhle. UNdumiso wayezozama ukuba babuyisane amtshengise nemali afuna ukumlobola ngayo. Okwakungenzeka ukuba yena akubekezelele ukuthi uMhlengi wayekade engumuntu wesilisa.

NOMA

- Ngicabanga ukuthi wawuzoba mubi. Babengeke bashade ngoba uNdumiso wayengathi uyolobola athole ukuthi umuntu atshontsha kuye imali unguyise kaMahlengi athole nokuthi uMahlengi wayengumuntu wesilisa. Bekungenzeka nokuthi uNgidi alizwe izwi lakhe uma esengumkhwenyana ukuthi yizwi lesigebengu esambamba inkunzi.
[Nikeza amathathu uma ewuvezile umphumela] (3)
- 7.11 Ngiyavumelana ngoba uS'bu wabiza uZakithi ukuthi amvakashele kanti usebize noNomthi okwathi uma esefika uZakithi balwa washaywa kabuhlungu uZakithi wabuyela emuva inhliziyi ibuhlungu, ethukuthele ehlekwa nangabantu.
[Nikeza amamaki amabili uma esekelile umbono] (2)

[25]

UMBUZO 8 (UMBUZO OMUDE)**USUMENYEZELWE-KE UMCEBO – MJ Mngadi**

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-34 ukumaka i-eseyi.

ISINGENISO

Abantu abaningi bayaye bangakwazi ukubonga izinto abanazo babe nokufuna okungaphezulu noma abangabelwanga khona, bafune ukuzikhethela. Abanye abalingiswa kule noveli bakhombise ukungeneliswa benza izinto ezidale ukuthi balahlekelwe okukhona ngokungekho.

UMZIMBA

Ohlolwayo angasebenzisa la maphuzu alandelayo namanye amayelana nendlela abalingiswa abanganeliseki ngayo kule noveli.

- UChule wayenesikhundla esontweni akhonza kulo ehlonishwa yibandla.
- Ubephila kahle enomuzi, inkosikazi uMaMkhabela nezingane. Akaneliswanga yizo zonke lezi zinto kepha wanquma ukufuna okungaphezulu ngoba efuna umcebo angawusebenzelanga. Waqala waqola abafelokazi imali yabo abayishiyelwe abayeni babo.
- Wathola umfelokazi onguMaDludla emthembisa umshado bagcina beshada umshadombumbulu. Uyahlazeka kulo mshado ngoba uMaMkhabela ufika emshadweni umshaya ngamaqanda.
- Uyaqhubeka nokunganeliswa ngoba uthi angezwa ngomcebo kaNomvula awufune yize naye ayenemali eningi.
- Uyaphumelela ukushada noNomvula kepha akeneliswa ngukuthi uNomvula uyamthanda futhi uyinkosikazi yakhe uba nesikhwele uma kudlala izingoma zikaGenyeza owayeyisoka likaNomvula ugcina esemhlukumeza.
- Uthi angasola ukuthi uNomvula angabuyelana noGenyeza anqume ukufaka isehlukaniso kepha ngenxa yokunganeliseki ufuna wonke umcebo abanawo, uphetha ngokuthi kungcono ambulale.
- Isinqumo sokubulala uNomvula siba nomvuzo omubi kuyena ngoba kuphetha ngokuthi kufe yena uqobo ngenxa yokungeneliseki.
- UDaffo akeneliseki ngalokho anakho njengoba enenkosikazi uMaNgcobo, umuzi, nezingane.
- UHlanganyela noChule ebugebengwini bokuqola abafelokazi imali.
- UChule umcela ukuba abe khona uma kulotsholwa uNomvula eMangweni, akaneliseki yimali anayo uthatha isinqumo sokugodla enye imali okuphetha ngokuthi ashaywe kabuhlungu ahlazeke nakuChule.
- Uthi enenkosikazi anganeliseki afune inkosikazi yomngani wakhe uChule.
- Uthi esesibhedlela uChule yena ahambe ayoshela uNomvula ngoba efuna umcebo wabo anganeliseki ngalokho anakho okuphetha ngokuthi aphenduke isigqila sikaChule ngoba esemjezisela isenzo sokushela inkosikazi yakhe. Wahlekwa ngabantu wehla isithunzi.
- UMaHadebe unomyeni omthandayo futhi osebenzayo kepha akaneliseki yilokho ufuna okungaphezulu.

- Uthi angezwa ngomcebo kaNomvula awufune wonke angafuni ukumshiyela lutho. Uze uthumela indodana yakhe uMahuzu eThusini, eThekwini. Uyifake engozini njengoba ethi iyodlisa uNomvula umuthi wokuhlanya. Isiphetho salesi senzo kwaba ukufa kukaMahuzu.
- Uyagula ungena esibhedlela esedle ushevu abefuna udliwe nguMaNdelu.
- Konke lobubi obumehlele uMaHadebe kungenxa yokunganeliseki ngalokhu anakho.

ISIPHETHO (Uvo lohlolwayo)

Abalingiswa abaningi babonakele ukuthi abaneliswa yilokho abanakho. Lokhu kudala ukuthi bagcine sebelahlekelwa ngokuningi empilweni kunalokho abanakho.

Abantu mabazifundise ukweneliseka ngoba ngeke ube nakho konke empilweni.

(Abafundi bangasebenzisa namanye amaphuzu akhombisa indlela abalingiswa abanganeliseki ngalokho abanakho ukuphendula umbuzo.)

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha]

[25]

UMBUZO 9 (UMBUZO OMFUSHANE)

USUMENYEZELWE-KE UMCEBO – MJ Mngadi

- 9.1 Isisusa sodweshu esitholakala kulesi siqeshana ukuthi uMeyili ufuna kuqale kufike uNomvula nemali ukuze izobikwa emadlozini.
[Nikeza amamaki amabili uma esivezile isisusa sodweshu] (2)
- 9.2 Kwenzeka izinto ezifanayo. UChule ulobola uNomvula ukuze akwazi ukumqola kahle eseseduze kwakhe ngoba wayengamthandi ngokweqiniso. Kuvuthondaba uChule ukhombisa ukuphelelwa uthando lukaNomvula, abe nothando lwemali yakhe, ahlele itulo lokumbulala okugcine eciphizwa imoto, afe kabuhlungu.
[Nikeza amamaki amabili uma esiyamanisile isigameko] (2)
- 9.3 Bobabili babenomhobholo wemali befuna imali kaNomvula ngandlela zonke. UMeyili wathi angezwa ngomcebo kaNomvula wathi makabuye eThekwini ukuze umcebe wanganyelwe nguye njengenhloko yekhaya. UMahuzu wathi angezwa ngonina ukuthi uNomvula unomcebo naye waba nomhobholo, wafuna ukumthathela wona wahamba nabangane bakhe beyomphuca incwadi yocingo ngenhloso yokufeza izinhloso zikaMaHadebe.
[Nikeza amamaki amabili uma ekunikezile okufanayo wasekela] (2)
- 9.4 UDaffo uvakashela uNomvula kwakhe ngoba ezwe ukuthi uChule ulimele usesibhedlela. Ufika kwaChule utshela uNomvula ukuthi naye wayengezinye zezesheli zakhe ngoba uyamthanda. UNomvula uyathukuthela ngoba ebona lesi senzo singesobunyoka futhi nanokuthi uDaffo unenkosikazi kepha ushela yena ebe eyinkosikazi yomngani wakhe uChule.
[Nikeza amamaki amabili uma echazile ngamaphuzu] (2)

- 9.5 Umbhali uhlose ukusikhombisa ukubaluleka kwamalungu omndeni. UDininja ungomunye wababesekela uNomvula. Wacela ukuba anikezwe ithuba lokubeka imali ebhange, aqhubeke asebenze ngoba uzobe esacabangisisa azokwenza ngemali ngenkathi uMeyili efuna uNomvula abuye nemali ukuze athenge ogandaganda.
[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso yombhali] (2)
- 9.6 Umbhali uphumelele kahle ukwethula isu lokubikezela ngoba leli culo libikezela ukuthi uGenyeza usazobuya aziphindiselele kuChule njengoba uChule amhlukumeza, wambopha ngesikhathi ethatha uNomvula.
[Nikeza amamaki amathathu uma exoxile ngesu lokubikezela] (3)
- 9.7 Izinto ezimbili uMaNdelu axwayisa ukuthi azenze ukuthi abovuka ekuseni ayoshayela indodakazi yakhe ucingo, kungabi olwencwadi ngoba kufanele akhulume nendodakazi yakhe umlomo nomlomo.
[Nikeza amamaki amabili uma ezishilo izexwayiso] (2)
- 9.8 UMaHadebe uvezwe njengomlingiswa onobuqili/onakekelayo nophanayo/onezimfihlo. Wahlelela uMeyili uhambombumbulu lakwadokotela. Uthe esebuya kudokotela wabuya namagilebhisi nenyama eyosiwe wapha uMaNdelu wase emtshela nokuthi udokotela uthe izithelo zinqanda ukugula.
[Nikeza amamaki amabili uma ekuchazile ukuvezwa komlingiswa] (2)
- 9.9 Umphumela wezenzo ezenzeka kuvuthondaba ziyefana ngoba bobabili bavelelwa ngokubi. Abayitholi imali kaNomvula abebekade beyifuna. UChule upitshizwa imoto yakhe uyashona. UDaffo ufwicwa amaphoyisa ekade ecashe esihlahleni, ambuyisele ejele.
[Nikeza amamaki amathathu uma eziqhathanisile izenzo] (3)
- 9.10 Ngicabanga ukuthi wawuzoba mubi. Babengeke besahlala ngokuthula ngoba uChule wayezoqhubeka ahlukumeze uNomvula njengoba ayesehlala ngokumhlukumeza. Wayezoqhubeka amnqabele uNomvula ukuthi alalele umsakazo nomabonakude, hleze amvalele nasendlini amenqabele ukuthi aphume esaba ukuthi uzolalela umculo kaGenyeza.

NOMA

- Wawuzoba muhle. UChule wayezoqhubeka nokuxoxisana noNomvula mayelana nokungakujabuleli ukulalela kwakhe umculo kaGenyeza. UNomvula wayengagcina engasawulaleli, bagcine behlala kahle, hleze noChule wayezobe esemthanda ngokweqiniso uNomvula.
[Nikeza amathathu uma ewuvezile umphumela] (3)
- 9.11 Ngiyavumelana ngoba uMaHadebe wayefuna ukubulala uMaNdelu ngokumdlisa ushevu kepha wathi uMaNdelu uma esola wawudla yena ngephutha wagcina egula kakhulu waze wayiswa esibhedlela./UMaHadebe wafuna ukubulala uMaNdelu ahlanyise noNomvula ngemithi yakhe kepha kwagcina kushone indodana yakhe uMahuzu engozini yemoto ayemthume ukuthi ayodlisa uNomvula umuthi ukuze ekugcineni bathole imali yakhe yonke.
[Nikeza amamaki amabili uma esekele isitatimende] (2)

[25]

UMBUZO 10 (UMBUZO OMUDE)**KUNJALO-KE – ME Wanda**

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlohleni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-34 ukumaka i-eseyi.

ISINGENISO

Abantu abaningi bayaye bangakwazi ukubonga izinto abanazo babe nokufuna okungaphezulu noma abangabelwanga khona, bafune ukuzikhethela. Abanye abalingiswa kule noveli bakhombise ukungeneliswa benza izinto ezidale ukuthi balahlekelwe okukhona ngokungekho.

UMZIMBA

Ohlolwayo angasebenzisa la maphuzu alandelayo namanye amayelana nendlela abalingiswa abanganeliseki ngayo kule noveli.

- UDumazile akaneliseki ngukuthi unina onguMaNdovela uncenge uKheswa ukuthi uDumazile aqhubeke nokufunda angahlali ekhaya alinde umendo.
- UKheswa uthengisa inkomo ukuze uDumazile ayofunda eMbumbulu kepha yena akaneliseki yimizamo emihle yabazali bakhe ufika esikoleni unqotshwa yizilingo, uqoma uthisha uMoloi uyakhulelwa ugcina esebuya ekhaya engaqedanga izifundo zakhe.
- Uthola umsebenzi kwaSithole akaneliseki yimali ayiholayo kepha uvuma ukuhehwa nguSithole ngemali eningi agcine esethola enye ingane uMtholephi engashadile futhi eyitholiswa ngumyeni womuntu.
- Uthi ehlala endlini kanokusho futhi uSithole emfundise waze waba ngumhlengikazi angeneliswa ngoba wenza itulo lokushisa isitolo sasemzini wakhe efuna imali eningi okuholela ekutheni bahlupheke.
- Unquma ukuqoma uMtalaselwa yize ethandana noSithole owayeshadelwe.
- Uthi eseshade noMtalaselwa afune imali kaMoloi, abonane naye ngasese kwagcina sekuxabene izingane zakhe, kwalwa amadoda endlini yakhe. Ugcina elahlekelwe wumshado.
- USithole unenkosikazi, ingane, umuzi nebhizinisi.
- Ushela uDumazile enenkosikazi azi futhi ukuthi abazali bakaDumazile bamkhonzile futhi bamthembile bamthatha njengoyise kaDumazile ozomnakekela.
- Uthengela uDumazile indlu eMafezini engamtshelanga umkakhe.
- Akaneliswa ngukuthi ushiya uMaNzimande, ufuna ukufaka isehlukaniso uze ufuna ukumphuca indlu asale engenalutho yize benengane nayo edinga ikhaya.
- Akaneliswa ngukuthi uDumazile unqume ukuhlala naye kepha akamloboli yize enayo imali.
- UMoloi uthi esethole umsebenzi enguthisha anganeliseki.
- Uthi enenkosikazi ayishiye eGoli athandane noMisi Hlophe asebenza naye aze amkhulelise.
- UMisi Hlophe uthi esayobeletha abone ingane yesikole enguDumazile athandane nayo akhohlwe nguMisi Hlophe nenkosikazi yakhe.
- Ukhuleliswa uDumazile agcine ngokubaleka okwaholela ekutheni aphelelwe ngumsebenzi aphinde amiswe emsebenzini iminyaka emihlanu.
- Akaneliseki ngukuthi uthandana noDumazile uphinde angene emzini wenye indoda enguMtalaselwa yize azi ukuthi uDumazile ushadile okwaholela ekutheni ashaywe nguSithole.

ISIPHETHO (Uvo lohlohlwayo)

Abalingiswa abanengi babonakele ukuthi abaneliswa yilokho abanakho. Lokhu kudala ukuthi bagcine sebhalelekelwa ngokuningi empilweni kunalokho abanakho.

Abantu mabazifundise ukweneliseka ngoba ngeke ube nakho konke empilweni.

(Abafundi bangasebenzisa namanye amaphuzu akhombisa indlela abalingiswa abanganeliseki ngalokho abanakho ukuphendula umbuzo.)

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/izimpendulo ezinganikeziwe lapha]

[25]**UMBUZO 11 (UMBUZO OMFUSHANE)****KUNJALO-KE – MJ Wanda**

- 11.1 Izenzo ezibonakalisa ukungathembeki kukaSithole ukukhulumela eduzane kakhulu kobuso bukaDumazile okwadala ukuba agxume izithonto ayokuma eduze kwesicabha.

[Nikeza amamaki amabili uma echazile izenzo]

(2)

- 11.2 Ukuhlala ngokuhlukana kukaMaNzimande noSithole kudalwe ukungathembeki kukaSithole, othengele uDumazile indlu emafezini wasuka wayohlala naye ngoba kungasekho ukuthula emzini wakhe noMaNzimande.

Lokhu kuyahambisana nokwenzeka kulesi siqeshana ngoba uSithole uhamba noDumazile wenza sekungathi uyamsiza umfunisa indawo yokuhlala, uyameshela ebe esebenza esitolo sakhe.

[Nikeza amamaki amathathu uma esiyamanisile isigameko]

(3)

- 11.3 Bobabili uMoloi noMthivovo babenesimilo esixegayo balala noDumazile bengashadile naye. UMoloi uthi eshadelwe ewuthisha kaDumazile athandane naye aze amtholise ingane kanjalo noMthivovo uthi esebenza noDumazile athandane naye aze ambathe naye engashadile naye.

[Nikeza amamaki amabili uma ekunikezile okufanayo]

(2)

- 11.4 Isisusa sodweshu phakathi kukaMtalaselwa noDumazile ukufika kukaSithole evakashela uDumazile ngoba ethi uzobona ingane yakhe uMtholephi. Ufika upaka imoto emgwaqeni uthumela umsebenzi kaDumazile ukuthi ayombiza. UDumazile uthi esaxoxa noSithole kuqhamuke umyeni wakhe uMtalaselwa ababone bexoxa kepha angene endlini. UDumazile uthe engena wambuza ukuthi ubekhuluma nobani, uthi angasho ukuthi nguyise kaMtholephi wase emshaya.

[Nikeza amamaki amabili uma eyichazile imbangela yodweshu]

(2)

- 11.2 Umbhali uhlose ukusikhombisa ukubaluleka kwamalungu omndeni. UMaKheswa waluleka umfowabo uKheswa ngokuthi alande uMaNdovela njengoba uMaJwara wayesegqigqa emzini kaKheswa ezomphekela, esefuna ukuthatha isikhundla sikaMaNdovela.

[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso yombhali]

(2)

- 11.6 Umbhali uphumelele kahle ukwethula ukubikezela ngoba ngenkathi uMtalaselwa etshela unina uMaShandu ukuthi intombi ayithathayo enguDumazile inezingane ezimbili wamyala ngokuthi uDumazile usazoqhubeka athandane noyise bezingane zakhe. Nangempela uDumazile waqhubeka wabonana noSithole wabuye wathandana noMoloi ngasese yize eseshade noMtalaselwa ngoba enezingane nabo.
[Nikeza amamaki amathathu uma elivezile isu lokubikezela] (3)
- 11.7 UKheswa uthukutheliswa ukuthi uSithole uzomedelela emzini wakhe ngoba ukhulelisa ingane yakhe bese eza nayo emzini wakhe, ubona sengathi angagcina esedlulela enkosikazini yakhe.
[Nikeza amamaki amabili uma ezishilo izizathu zentukuthelo] (2)
- 11.8 UMaNdovela uvezwe njengomlingiswa ongezwani nodlame/ofundisekile. Uthe uma ebona uKheswa ephethe isikhali wamkhumbuza ngezeluleko zikayisezala zokuthi isikhali asiphakanyiswa phakathi komuzi ngoba lokho kuletha umkhokha omubi ekhaya.
[Nikeza amamaki amabili uma ekuchazile ukuvezwa komlingiswa] (2)
- 11.9 Isigameko esenzeka kuvuthondaba siyafana ngoba yomibili imindeni ilahlekelwa yizingane zayo. Umndeni wakwaKheswa ungcwaba uDumazile obulawe yingculazi, uyasamukela isimo ubuyisana nabakwaZuma njengoba bese kuxatshenwe. Umndeni wakwaZuma nawo ungcwaba indodana yawo uMtalaselwa ebulewe yingculazi nawo ubuyisana nabakwaKheswa.
[Nikeza amamaki amathathu uma eziqhathanisile izigameko] (3)
- 11.10 Ngicabanga ukuthi wawuzoba mubi. UDumazile wayezoqhubeka athandane noMoloi, angabheki izincwadi zakhe zesikole. Othisha noMisi bebengagcina bengamthandi naye adelele ngoba ezwana nothisha okungenzeka imiphumela yakhe yasesikoleni kungabi yiqiniso ngoba mhlawumbe uphasiswa nguthisha. Wayengagcina engaphumelelanga kumatikuletsheni ngoba engasekho uthisha ozomphasisa.

NOMA

- Ngicabanga ukuthi wawuzoba muhle. UDumazile ubezogcina emazile uMoloi ukuthi ungumkhohlisi, akanalo uthando lweqiniso ngoba kwakusengenzeka aqhubeka athandane nabanye abafundi nothisha. Wayezohlukana noDumazile, uDumazile akwazi ukubhekana nezincwadi zakhe, aphumelele esikoleni athole umuntu ozomthanda ngokweqiniso angadlali abantu abadala njengoSithole.
[Nikeza amathathu uma ewuvezile umphumela] (3)
- 11.11 Ngiyavumelana ngoba uSithole uthandana noDumazile ebe enenkosikazi yakhe uMaNzimande ugcina esehlupheka ngoba isitolo sakhe sashiswa nguDumazile waze waboshwa ngenxa yakhe uDumazile.
[Nikeza amamaki amabili uma esekele isitatimende] (2)

[25]

UMBUZO 12 (UMBUZO OMUDE)

IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI – JC Buthelezi

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-34 ukumaka i-eseyi.

ISINGENISO

Abantu abaningi bayaye bakhohlwe noma bangakhohlwa imvelaphi yabo bafune ukuphila ngendlela ethandwa yibo. Abanye abalingiswa kule noveli bakhombise ukungakhohlwa kanti abanye bakhohlwa imvelaphi yabo okubasizile kanye nabanye okubalimazile empilweni yabo.

UMZIMBA

Ohlolwayo angasebenzisa la maphuzu alandelayo namanye amayelana nendlela abalingiswa abangayazisi noma abayazise ngayo imvelaphi kule noveli.

- UCele ongumalume kaBafana ungumlingiswa onemfundiso eqotho nongayilahlile imvelaphi yakhe.
- Ufika emzini kaBafana nomngenandlini womkhono wembuzi ngenkathi ezocela uHlanganisani no-Uzithelile indawo yokuhlala nokufunda.
- UCele uthandazela u-*Euthenasia* uma efika eMlazi ngoba embona ukuthi uxinwe yisifuba yize uBafana wayemxoshile.
- Ukhulisa uHlanganisani no-Uzithelile ngokwazisa abantu nangomthandazo.
- Wamamukela u-Euthenasia uma efika eMpaphala, uyamhlalisa, umfaka isiphandla sembuzi. Lokho kwenza u-*Euthenasia* azi kangcono ngemvelaphi yakhe wase uba nobuntu.
- UBafana ubonisa ukungabi qotho ngoba ulahla imvelaphi yakhe nemfundiso eqotho ayifundiswa ngumalume wakhe uCele.
- UBafana uxosha umalume wakhe ngenkathi efika kwakhe ezocela izingane zikaLinono u-Uzithelile noHlanganisani indawo yokuhlala. UBafana akazinaki izingane zakhe. Akanaso isikhathi sezingane zakhe ikakhulukazi u-*Euthenasia* ogcina esephuma endleleni entshontsha imali kaMaXakushe.
- Akakwazi ukwelekelela uMnu. Martin owayefisa ukunikeza umphakathi wabantu abamnyama usizo. Ubiza u-*Wilson* osebenza naye ngoMadala.
- Uthi engumuntu omnyama kepha angabazisi omakhelwane bakhe.
- Uba ngumasihlalisane noMaMthunzi ebe engahlukanisanga noPoppie okwagcina kumlahlekisele ngezinto eziyigugu okwabe kuwukuhlonipheka ne-*Lexus*.
- UPoppie uyinkosikazi kaBafana kodwa akakhombisi ukumhlonipha nokwamukela umndeneni kaBafana uqhakambisa ukufunda nokuthi ungowaselokishini.
- UPoppie unqaba ukwamukela izingane zikaLinono kwala noma ozakwabo emsebenzini bemncenga ukuthi azithathe.
- UPoppie akayithandi indawo yaseMpaphala, abantu baseMpaphala nabantu basemakhaya. Ubabukela phansi abanye onesi asebenza nabo neziguli zasemafamu.
- UPoppie akabi nesikhathi sokukhulisa izingane ikakhulukazi uMelody uze athole izingane.

- Uxosha uMaXakushe ongumsizi wakwakhe nezingane zakhe, akafuni ngisho alale ngalobo busuku, akafuni umuntu osola ingane yakhe u-*Euthenasia*.
- UPoppie wakhetha ukushiya iBhayibheli ayeliphiwe uQophitshe, umamezala wakhe emzini wabo eMlazi. Lokho kwenza ukuba uBafana amzonde umkakhe.
- UMdlalose ukhombisa ukuba qotho yize wayefundile. Wayengayilahlele imvelaphi yakhe. Akakhohlwa ukukhuleka kuMdali ukuze amsize emsebenzini wakhe. Usebenzisa namazwi aphuma encwadini engcwele uma esiza uNgubane. Amagama ezingane zakhe ngawesiZulu, uyakholelwa ekutheni uma ungubaba kufanele uthathe undawo yakho ukuze ungathi uyehlulwa ngumkakho. UMdlalose wakwazi ukusiza uNgubane yize uNgubane wayebabukela phansi besafunda oNgoye.
- UMdlalose akakulahlile ukuthi noma angaba matasatasa kangakanani kodwa uyadinga ukuba anikeze umkakhe, izingane kanye nezihlobo zakhe isikhathi nothando. Wayekwenza lokhu gokuthi adlale nazo imidlalo eyahlukene.

ISIPHETHO (Uvo lohlolwayo)

Abalingiswa abaningi babonakele ukuthi abakhohlwanga imvelaphi yabo bagcina sebesizakele empilweni. Nalabo balingiswa abangayikhohlwanga imvelaphi yabo bagcine sebelahlekelwa ngokuningi empilweni kunalokho abanakho.

Abantu mabazifundise ukulandela imvelaphi yabo ukuze kubahambe kahle empilweni.

(Abafundi bangasebenzisa namanye amaphuzu akhombisa indlela abalingiswa abangayikhohlwa kanye nabakhohlwa ngayo imvelaphi yabo ukuphendula umbuzo.)
[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha]

[25]

UMBUZO 13 (UMBUZO OMFUSHANE)

IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI – JC Buthelezi

- 13.1 Izenzo zokungahloniphi ezokuthi uPoppie ungena uNgubane emlonyeni esakhuluma amtshale nokuthi akanazo izibusiso, aphinde ahambe ashiye uNgubane besakhuluma.
[Nikeza amamaki amabili uma ezichazile izenzo] (2)
- 13.2 UNgubane akakwazanga ukuqhubeka nokuhlala emzini kaMaMthunzi emva kokuba uPrisca entshontshe ukhiye wemoto yakhe, yalinyazwa isoka lakhe uNkebelele. Wathi uma ethi uvula icala wasatshiswa indodana kaMaMthunzi uMgwazeni. Lokho kwadala ukuba adube ahambe. Lokhu kuyahambisana nokwenzeka kulesi siqeshana ngoba uthola ukuthi uPoppie uthenge imoto yezingane ngaphandle kwemvume yakhe. Lokho kudala ukuba angajabuli anqume ukuduba ahambe emzini wakhe.
[Nikeza amamaki amathathu uma esiyamanisile isigameko] (3)

- 13.3 Bobabili abanabo ubuntu ngoba banesihluku emndenini. UBafana uthi ekhuliswe waphinde wafundiswa ngumalume wakhe uCele kepha amxoshe kwakhe anqabe nokukhulisa izingane zikadadewabo kanjalo noPoppie uthi eshadele emndenini wakwaNgubane awubukele phansi, abe nomona aze afune nokuzibulala axoshe noMaXakushe kabuhlungu.
[Nikeza amamaki amabili uma ekunikezile okufanayo okuthuthukisa indikimba]
- 13.4 UNgubane waxabana noMaMthunzi ngenkathi kufanele baye esibhedlela ukuyobona uPrisca owayethole ingozi yemoto. Wanqaba uNgubane ngoba ethi kuyoze kube nini kusizwa uPrisca. Waze wavuma ngoba uMaMthunzi ethi uzocela unesi Thomo amphelezele. UNgubane wayefuna kuqalwe emaphoyiseni ukuze abike ukuntshontshwa kwemoto yakhe, uMaMthunzi efuna baqale esibhedlela.
[Nikeza amamaki amabili uma eluvezile udweshu] (2)
- 13.5 Umbhali uhlose ukusikhombisa ukubaluleka kwamalungu omndeni. UMgwazeni ungomunye wababesekela uPrisca. Wasabisa uBafana ngenkathi uPrisca noNkebelele beginqe imoto yakhe, uze uthi angebophise ilungu lomndeni ebe naye eyilona njengoba ethi kuBafana uma engalicishi icala uzombulala.
[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso yombhali] (2)
- 13.6 Umbhali uphumelele kahle ukwethula isu lokubikezela ngoba uBafana wenqaba ukusiza uCele ekukhuliseni izingane zikadadewabo ezifana nezakhe. Lesi senzo sithukuthelisa amadlozi ngoba ukuthula kuyaphela emzini kaBafana aze agcine esebhungukile ayohlala nomasihlalisane. Uthola ukuhlukumezeka uze ugcina esephuza kakhulu.
[Nikeza amamaki amathathu uma elivezile isu lokubikezela] (3)
- 13.7 UPrisca ube nozwelo ngoba ucabange usizi lwakubo kaNkebelele, wacabanga ugogo nomkhulu wakhe namaphela akubo.
[Nikeza amamaki amabili uma ezishilo izizathu] (2)
- 13.8 UNkebelele uvezwe njengomlingiswa othanda izinto eziphezulu nothanda ukubukwa. Uncenga uPrisca ukuthi amtshontshele ukhiye we-*Lexus* ukuze azohlala phakathi kwayo nje, uphinde agqoke izingubo ezibizayo uze uboleka ibhantshi lesikhumba ukuze aswenke.
[Nikeza amamaki amabili uma ekuchazile ukuvezwa komlingiswa] (2)
- 13.9 Isigameko esenzeka kuvuthondaba kule ndaba esokubuyisana phakathi kwale mindeni. Umndeni wakwaNgubane okunguBafana noPoppie wabuyela eMpaphala. Umndeni wakwaCele wona wakujabulela ukubuya kwabo, abazange babacwase kepha babemukela kahle.
[Nikeza amamaki amathathu uma ezivezile izigameko ezikuvuthondaba] (3)

- 13.10 Ngicabanga ukuthi wawuzoba mubi. Babezoqhubeka nempilo yabo yokungabi nobuntu. UMaMthimkhulu ubengeke amhloniphe uNgubane njengenhlayenza. Izingane bezingeyithole imfundiso enhle njengoba abazali bazo bengenasikhathi sazo. Babengagcina bengenaxolo noMelody wayengeke esaqhubeka nokufunda.

NOMA

Wawuzoba muhle. UNgubane wayengeke aphelelwe umsebenzi agcine ehamba ehlala emizini yabantu njengoba agcina esehlala kwaMaMsibi nakwaMaMthunzi. Wayengeke agcine echitha imali yakhe yonke otshwaleni. Wayengeke futhi ahlukunyezwe yizingane zomasihlalisane nomasihlalisane njengoba ahlukunyezwa nguMgwazeni noMaMsibi owayemsebenzisa kanzima.

[Nikeza amathathu uma ewuvezile umphumela]

(3)

- 13.11 Ngiyavumelana. U-Uzithelile noHlanganisani bakhuliswa nguCele nomkakhe ngothando lwabazali yize beswele, beshiywe ngunina wayogana. Bobabili bathola iziyalo ezinhle zenhlonipho bagcina befunde bagogoda.

NOMA

Angivumelani. Kwesinye isikhathi izingane ziyaluthola uthando olwanele emndenini zithole konke ezikudingayo kepha zona zikhethe ukuphuma endleleni zigcine zingaphumelele. UMelody wathola izingane esemncane waze wafisa ukuzibulala kanjalo no-Euthenasia wantshontsha imali kamaXakushe nemoto ka-Miss Hawkins.

[Nikeza amamaki amabili uma esekele isitatimende]

(2)

[25]

UBUCIKO BOMLOMO

UMBUZO 14: UMBUZO OMUDE

UJU LWEZIZUKULWANE – KL Makhoba

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlohleni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-34 ukumaka i-eseyi.

INGANEKWANE: UNWABU NENTULO

ISINGENISO:

Ohlolwayo makakhombise ukuthi unalo ulwazi lomlando wezinto ezithile. Indikimba ingachazwa ngokuthi ingumongo wombhalo wonke. Ingaba igama elilodwa noma amagama amabili. Indikimba etholakala kule nganekwane yindikimba yokufa kuthi indikimba etholakala ezibongweni kube yindikimba yobuqhawe kanti etholakala ehubeni eyempumelelo.

UMZIMBA:

Kule nganekwane kutholakala indikimba yokudabuka kokufa.

- UMdali wanquma ukuthi atshele abantu ukuthi angeke baze bafe.
- Izinduna zakhetha unwabu ngoba linejubane zazi ukuthi lalizowuphuthumisa umlayezo wokuthi abantu ngeke bafe.
- UMdali naye wajabula uma kukhethwa unwabu ngoba azi ukuthi umlayezo wokuthi abantu angeke bafe uzosheshe ufike ebantwini.
- UMdali waluthuma unwabu ukuba lutshele abantu ukuba abezukufa kepha unwabu lulibala ukudla ubukhwebezane kwaze kwaxakeka abantu emakhaya noMdali ngokungabuyi konwabu.
- UMdali wanquma ukuthuma intulo ukuya kubantu ukuyobatshela umyalezo owehlukile wokuthi sebezokufa ngenxa yokungabuyi konwabu.
- Intulo yagijima yabatshela abantu ukuthi bazokufa, lwathi luqambe lufika unwabu emuva kwezinsuku abantu base bebambe umlayezo wentulo wokuthi bazokufa.
- Kusukela ngalelo langa abantu abaphilanga ingunaphakade base befa

IZIBONGO: 'ISIQHINGI SASE-ROBBEN ISLAND'

IZIBOSHA ZESIQHINGI SASE-ROBBEN ISLAND

- Baningi abantu bezombusazwe ababoshwa kuleli jele. Abanye bahlala isikhathi eside njengobaba uDokotela Nelson Mandela.
- Lokhu kwenza le ndawo ayangathandeka kubantu abamnyama ngoba ababevalelwa khona babegqilazwa. Abamhlophe babebusa ngengcindezelo bengafuni umuntu omnyama akhululeke, kanti lokho kuzophenduka kulekelele ekuletheni inkululeko kuleli lizwe nale ndawo iphenduke intandokazi emazweni amaningi. Manje isiyindawo yobukhazikhazi neyokunethezeka evakashelwa ngabavela phesheya kwezilwandle. Lokho kuholele ekutheni sibe nezivakashi eziningi. Imbongi iyasincoma lesi siqhingini ngokwelekelela amaqhawe ekuzuzeni ulwazi.
- Le ndawo yavelela ngenxa yokuvalela amaqhawe ayelwela inkululeko nancina eseqokelwe izikhundla zokuba ngoMengameli bakuleli abango-Nelson Mandela.

- UJacob Zuma no-Kgalema Motlanthe. Leli jele lalisetshenziselwa ukubopha iziboshwa zezepolitiki noma ababelwisana nohulumeni wobandlululo.
- Okwenza le ndawo ibuye ivelele yilapho okwavalelwa khona izingqalabutho zikaKhongolose ezalahlwa yicala eRivonia (Rivonia Trial): ONelson Mandela, Walter Sisulu noGovan Mbeki onguyise wowayengumongameli wakuleli uThabo Mbeki.
- Imbongi ingathekise le ndawo nedlelo elingafelwa nkonyane ngenxa yokuba ababevalelwe khona bafike bafunda baphuma sebenolwazi lwepolitiki, ngobubi bobandlululo nolwazi lwamalungelo abantu.
- Lesi siqhingi bayasibhuqa bathi kukwelingafelwa nkonyane. Kwelingafelwa nkonyane kusendaweni enothile nenomcebo lapho abantu bakhona becebile ngemfuyo. Kule ndawo kwakungekho ukubusa kepha wawugqilazwa, kepha ababuya kule ndawo bacebile ngolwazi.
- Iziboshwa zezepolitiki zingathekiswe nemihlabihlabi ngenxa yobuningi. Abanye baboshwa isikhathi eside njengoNelson Mandela owachitha isikhathi esiyiminyaka engama-27 zaphenduka izaliwakazi. Izilomo ezazithandwa ngoba zilwela amalungelo abantu zaba nesigcwagcwa kuhulumeni wengcindezelo zagcina ngokuboshwa iminyaka. Izilomo zaphenduka izaliwakazi.
- Abababopha babengazi ukuthi bayabasiza, ngalokho iziboshwa/izigqila zaguquka zaba ngabaholi bezwe. Abagqilazwa abasizondi lesi siqhingi ngoba asonanga lutho sona. Lesi siqhingi sabasiza ababeboshwe kuso bafunda baba nolwazi.

Ukubekizelela ubunzima kwabantu ababebhekana nabo kulesi siqhingi kwasiza ekuthini bagcine bephumelele empilweni. Ngesikhathi bevalelwe kulesi siqhingi bafunda bazuza ulwazi oluningi ngezombusazwe. Bagcina sebeqokelwe ezikhundleni eziphezulu. Nayo le ndawo yasizakala yagcina isiphenduke indawo eyibukhazikhazi nevakashelwa ngisho nangabantu bakwamanye amazwe.

IHUBO SENZENI

- Leli yihubo elalisungulelwe ukudlulisa umyalezo oyisikhalo esingumkhuleko.
- Lalihutshwa ngabantu ababehlukumezekile ngenxa yokugqilazwa ngabamhlophe.

ISIPHETHO: Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe. Umbhali uyethule kahle indikimba yokudabuka kwezinto enganekwaneni ethi uNwabu nentulo, indawo eyisiqhingi i-Robben Island esiyindawo yamagugu kanye nehubo elithi Senzeni? [Ohlolwayo anganika nezinye izibonelo ezinembayo zokwethulwa kwendikimba yokufa neyobuqhawe ezibongweni Isiqhingi sase-Robben Island. Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha]

[25]

UMBUZO 15: UMBUZO OMFUSHANE**IZINGANEKWANE: 'ISIBINDI SIKAGALA KANODADE'**

- 15.1 Lethuswa ukuthi umlingiswa oyindlovu ulibuza ngolaka ukuthi seliyikhokhile yini intela.
[Nikeza imaki elilodwa uma ekwazile ukuveza udweshu] (1)
- 15.2 'Khuluma ngingaze ngikugxobe ngonyawo lwami.'
[Nikeza imaki elilodwa uma ewatomulile amazwi] (1)
- 15.3 Iselesele lalibhekene nenkinga yokuthi kwakufanele likhokhe intela ehlathini nasemanzini ngoba labe lihlala emhlabeni nasemanzini.
[Nikeza amamaki amabili uma echazile kafushane inkinga yeselesele] (2)
- 15.4 Inhloso yokuxoxa le nganekwane ukusidlulisela umyalezo othi akekho umuntu ongeke abanjwe uma enza okuthile okungafanele njengoba iselelese lagcina libanjiwe ngokungakhokhi intela.
[Nikeza amamaki amabili uma eyivezile inhloso yokuxoxa le nganekwane] (2)
- 15.5 Ngiyazwelana nomlingiswa oyiselesele, ngingacela ukukhokha intela ngokuyishintshanisa. Izinyanga eziyisithupha ngingayikhokha emanzini, ezinye eziyisithupha ngiyikhokhe ehlathini.

NOMA

- Angizwelani nomlingiswa oyiselesele, ngingaya kohlala endaweni engabuswa amakhosi engenayo le mithetho yokukhokhiswa intela.
[Nikeza amamaki amathathu uma ekwazile ukusekela umbono] (2)
- 15.6 Ubunganekwane bokundiza kwenyoni yahlala ehlombe likaGala yase ikhuluma.
[Nikeza imaki elilodwa uma ebuvezile ubunganekwane] (1)
- 15.7 Isenzo sikaGala sokuthi sekwanele ukuzilela iNdlovukazi simveza njengomlingiswa onesibindi/oyidelakufa. Kwakwaziwa ukuthi akekho obhekana neSilo uShaka bese eyasinda kodwa yena waba nesibindi waya kosililela nokuseluleka iSilo uShaka wancamela ukufa. Wayazi nokuthi kuyicala ukubamba umhlangano uma kusaziliwe kodwa yena wawubamba.
[Nikeza amamaki amathathu uma ewuvezile umbono wawesekela] (3)
- 15.8 Abozalo lakwaBiyela babecabanga ukuthi uGala uzobulawa yiSilo uShaka ngokuya kosililela kodwa isilo uShaka savele senza okungalindelekile, sajabula ngesenzo sikaGala sokuyibonisa. Sathethisa izinduna zaso oMdlaka noNzobo ngokungasibonisi. Sayalela ukuba kuphele ukuzila.
[Nikeza amamaki amathathu uma echazile ingwijikhwebu etholakalayo] (3)
- 15.9 Ingqungqulu – isingathekiso
[Nikeza amamaki amabili etomule wagagula isifengqo] (2)

- 15.10 Bobabili babenesibindi sokubhekana nabaphathi babo. UGala kaNodade waba nesibindi sokubhekana neSilo uShaka mayelana nokuzila okwase kuthathe isikhathi eside kanti inkosi u-Albert Luthuli waba nesibindi sokulwisana nohulumeni ngobandlululo wafaka inkululeko.
[Nikeza amamaki amathathu uma enikezile okufanayo] (3)
- 15.11 AbakwaBiyela bakhombisa ukwesaba, bababaza umbono kaGala ayewethule emhlanganweni wokuyeka ukuzilela iNdlovukazi. Emgqeni we-18 nowe-19 inkosi u-Albert Luthuli akazange esekwe abase-Ningizimu Afrika ngenkathi eya kwaBulawayo nakwamanye amazwe mayelana nenkululeko.
[Nikeza amamaki amabili uma eqhathanisile wasekela] (2)
- 15.12 Ubudlelwane bokufa kwabantu ngenxa yokuzilela indlovukazi uNandi okwasekudonse isikhathi eside ngokungenasidingo. Ihubo libuza sakukhononda ngokuthi bekufanele ngabe isizwe sisaphelele kodwa sekukhona nababulawelwa ukuthi batholakale bengakhali/bengazilile ngokomyalelo weSilo uShaka.
[Nikeza amamaki ama-3 uma ephawulile ngobudlelwano behubo nezibongo] (3)
[25]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 25

ISIQEPHU C: UMDLALO

UMBUZO 16 (UMBUZO OMUDE)

KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-34 ukumaka i-eseyi.

ISINGENISO:

Abantu abaningi bayaye behluleke ukubhekana nezinkinga ezibakhungethe okudala izinkinga empilweni yabo. Abanye abalingiswa kulo mdlalo bahlulekile ukubhekana nezingqinamba empilweni bagcina sebenze okungamukelekile emndenini nasemphakathi.

UMZIMBA:

Ohlolwayo angasebenzisa la maphuzu alandelayo namanye amayelana nendlela abalingiswa abahluleke ukubheka nezinkinga ezibakhungethe kulo mdlalo.

- uMdaluli uphelelwa umsebenzi, akaxoxisani nomkakhe kumenze waguqula indlela aphila ngayo, uba nodlame emndenini, ushaya uMaMlanduli uze uyaboshwa.
- Lokho kumdalele izinkinga ezigcine zicekele phansi umndeni wakhe, uphuma ejele, axoshe uNenelezi, uKhombephi noLondiwe ngesibhamu. Lokhu kumfaka enkingeni yokuboshwa ngenxa yokuthi izingane zimvulela icala.
- UMDaluli uthola umsebenzi wokwakha indlu kaSaziwayo akafiki ngesikhathi. Emuva kokuhluleka ukufika ngesikhathi kwase kuqashwa uChivenga lokhu kwamthukuthelisa, wathakatha uChivenga owabola isandla.
- UMDaluli uqhubeke nokuzonda uChivenga umqubela ehlatini umshaya uyamlimaza ngemolontshisi. Lokho kuholela ekutheni aboshwe yiphoyisa uZayeka agcine engasakwazi ukwenza izidingo zakhe ngenxa yokweswela imali.
- UMaMlanduli uhluleka ukubhekana nenkinga yokunqaba ukudla, unqaba indabandaba, ashaywe uMdaluli angambophisi ulwisa uLondiwe uma ebophisa uMdaluli.
- UMaMlanduli uhlangana noMdaluli esitokisini, umbiza ngobaba, uncenga uLondiwe ukuthi asule icala. Lokho okwaholela ukuthi uMdaluli aphume ngendlela engafanele afike abaxoshe oLondiwe.
- Inkinga yokungasebenzi kukaMaMlanduli kwenze wahluleka ukuvikela izingane zakhe. Ukhombisa uMdaluli la kubalekele khona izingane ngenkathi uMdaluli ezixoshisa ngesibhamu.
- UChivenga uhlulwa ukubhekana nokuthola ubuzwe baseNingizimu Afrika, ushela uHlengiwe ngobuqili, uhlangana noHeshana bathatha ipasi likaHlengiwe, washada noHlengiwe ngomgunyathi. Lokhu kwadalela uHeshana ukuthi athathe imali kuChivenga, amiswe emsebenzini.
- UHlengiwe unquma ukuthandana noChivenga ngenhloso yokumsenga imali, amshiye engenalutho ngoba uManqina engasebenzi. Lokho kwamdalela inkinga yokuthi athole eshadiswe noChivenga ngomgunyathi.

ISIPHETHO (Uvo lohlolwayo)

Abalingiswa abaningi babonakele ukuthi bayehluleka ukubhekana ngqo nezinkinga zabo. Lokhu kudala ukuthi bagcine sebesezinkingeni empilweni.

Abantu mabazifundise ukubhekana nezinkinga, bazixazulule ngendlela ezobasiza ezinkingeni zabo.

(Abafundi bangasebenzisa namanye amaphuzu akhombisa ukuthi abalingiswa abazame ukubhekana nezinkinga ukuphendula umbuzo.)

(Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha)

[25]**IMBUZO 17 (UMBUZO OMFUSHANE)****KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo**

- 17.1 Isimo senhlalo esivezwa kulesi siqeshana sihle ngoba bobabili abalingiswa uHlengiwe noChivenga baxoxisana kahle. UChivenga uyamzwela uHlengiwe ngenxa yokungawutholi umsebenzi uze umupha nemali engamarandi angamashumi amahlanu.
[Nikeza amamaki amabili uma esichazile isimo senhlalo] (2)
- 17.2 Isu elisize uHlengiwe elenze uChivenga agcine emuphe imali elokuthi uthe uChivenga uma ethi akaphuze amahevu uHlengiwe wathi akawaphuzi ngoba amcanuzelisa inhliziyo. Wabe esemnika imali engamashumi amahlanu uChivenga ethi akathenge lokho akuphuzayo.
[Nikeza amamaki amabili uma elichazile isu] (2)
- 17.3 Lesi simo sokukhuluma sisetshenziselwe ukuncoma isipho semali asinikezwe nguChivenga.
[Nikeza amamaki amabili uma echazile ukusetshenziswa kwesimo sokukhuluma] (2)
- 17.4 Ubudlelwane babo abufani. UMbhebhezeli uzenza umngani kuChivenga, umbiza ngomfowethu ebe azi ukuthi usesibhedlela nje nguyena owayecebise uMdaluli ukuthi akamthakathe. UMdaluli ukuveza kuba sobala ukuthi akamthandi uChivenga ngoba uba nodlame kuChivenga, uyamthakatha aphinde amshaye ngoba ethi nguyena omthathele umsebenzi.
[Nikeza amamaki amathathu uma ekuqhathanisile ubudlelwano] (3)
- 17.5 Ngicabanga ukuthi uChivenga wayengamthandi ngokweqiniso uHlengiwe ngoba ukuba wayemthanda ngokweqiniso wayengeke amenzele ubugebengu ngepasi lakhe esebenzisana noHeshana.
[Nikeza amamaki amabili uma echazile wasekela] (2)

- 17.6 Ngiyazwelana noLondiwe ngoba ubaba ungumuntu okufanele ngabe nguye ovikela umndeni wakhe, ikakhulukazi izingane zakhe. Ukuba nganginguLondiwe ngangingazama ukuyobika lolu daba ezihlotsheni noma emaphoyiseni.
[Nikeza amamaki amabili uma ezwelana noma engazwelani wasekela]
[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (2)
- 17.7 Inkulumo-mpendulwano ephakathi kwalaba balingiswa idalwa ukuthi uMdaluli ubikela uMbhebezeli ngodaba olumphathe kabi lokuthi umsebenzi ekade ezowenza kwaSaziwayo ngeke esawenza ngoba sebenikeze omunye umuntu ukuthi awenze.
[Nikeza amamaki amabili uma esivezile isizathu senkulumo-mpendulwano] (2)
- 17.8 Isigameko esifihlelwe umlingiswa onguLondiwe ukuthi uMdaluli acele uMaMlanduli ayomncengela ukusula icala kanti uyazi ukuthi usathukuthele isenzo sikaLondiwe sokumbophisa okwaholela ekutheni uma efika ekhaya uMdaluli amxoshe.
[Nikeza amamaki amabili uma esivezile isigameko esifihlele umlingiswa] (2)
- 17.9 Umlingiswa onguMdaluli njengomlingiswa ongawuhloniphi umsebenzi kanye namakhasimende akhe. Uthatha isikhathi eside ukuthi abuyele ekhasimendeni libe kade limtshelile ukuthi lijahile ukuthi umsebenzi wenziwe. Uphinde wavezwa njengomlingiswa ocwasa ngokobuzwe ngoba ubiza imbangi yakhe ngegama lekwerekwere okuyigama elingemukelekile.
[Nikeza amamaki amabili uma echaze ukuvezwa komlingiswa wasekela] (2)
- 17.10 Indlela ababuka ngayo amalungelo abesifazane nawezingane ayifani, uMaMlanduli akakholelwa ekuvikeleni amalungelo akhe nawezingane ngoba akamcebi uMdaluli kwabomthetho uma ebahlukumeza. Amadodakazi akhe ayawavikela amalungelo awo kanye nakanina ngoba ayambophisa uMdaluli ngokuwashaya awaxoshe nangesibhamu.
[Nikeza amamaki amathathu uma eqhathanisile, wasekela]
[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (3)
- 17.11 Umyalezo otholakala kubohlololo/kupholavuthondaba lalo mdlalo owokuthi kuhle ukuziphatha kahle uphilisane nabantu ngoba ikusasa alaziwa. UMdaluli uchithe isikhathi esiningi ehlukumeza umndeni wakhe esikhundleni sokuthi babambane kuze kudlule isimo esasibahlasele. Njengoba kube nokuzamazama komhlaba kungenzeka ukuthi udlulile emhlabeni futhi angeke esalithola ithuba lokuxolisa emndenini wakhe ngamaphutha akhe awenzile.
[Nikeza amamaki amathathu uma exoxile ngebohlololo/ipholavuthondaba wasekela]
[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (3)
- [25]**

UMBUZO 18 (UMBUZO OMUDE)**AWUWELWA UMNGENI – M Gcumisa**

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-34 ukumaka i-eseyi.

ISINGENISO:

Abantu abaningi bayaye basebenzise ubuhlakani nobuqotho ukunqoba izinkinga abasuke bebhakene nazo kanti labo abasuke benza ubuqili bafaka abantu enkingeni. Inkosi uSalimani engumlingiswa kulo mdlalo bakhombise ubuhlakani nobuqotho ukuxazulula izinkinga kanti abanye babe nobuqili okwadala babe nezinkinga eziningi.

UMZIMBA:

Ohlolwayo angasebenzisa la maphuzu alandelayo namanye amayelana nendlela abalingiswa abasebenzise ubuhlakani nobuqotho kanye nobuqili:

- USalimani inkosi yesizwe, inobuhlakani obukhulu, wazi ibalazwe lesizwe sakhe, ukuklanywa kwemingcele ukwazi njengoba ezazi. Lobu buhlakani buyamsiza ukuthi abone uma uHulumeni eseziklamela indawo yakhe ngobuqili.
- USalimani wazisa abafowabo mayelana nombango wemingcele, bahlangana baba yimbumba bathatha lolu daba baluyisa esizweni ukuze ludingidwe kabanzi futhi isizwe sazi ngakho konke okwenzekayo. Lokhu kutshengisa ubuhlakani, ukwethembeka nobuqotho.
- Kwathi noma umngcele sebewugudluzilwe ngobuqili ngokwenkantolo yamajaji aseMshwathi waludlulisa udaba lwaya emajajini amakhulu aseMgungundlovu. Inkosi uSalimani wagcina ngokuliwina icala, wabuyiselwa umngcele wayo.
- Yize inkosi uSalimani ibusa ngesikhathi kusenobandlululo kodwa ubuhlakani bokwazi amalungelo akhe kumenza angavumi ukubukela nje angazami imizamo izwe lithathwe yena ebe esonge izandla njengevaka. Uya kuSomtsewu uMbusi qobo lwakhe. Icala lidluliselwa enkantolo ephezulu yamajaji eMgungundlovu, ngenxa yobuhlakani bakhe bokwazi imingcele yezwe lakhe, liyamthetha icala.
- Inkosi ifunga iyagomela ukuthi izwe liyafelwa futhi uMngeni ungaphenduka igazi. Kuba njalo emazweni/ezizweni uma inkosi itshengisa ubuqotho ebukhosini bukaZulu engeke idayise ngabo noma sekunjani. Ngenxa yobuqotho benkosi nesizwe siba qotho ngezwe laso siwotha ubomvu ngodaba lokuthi abelungu bafuna ukuvele baziklamele nje umngcele wezwe lokhokho baso.
- UMphiliphi wenza ubuqili uba yimbuka uhambisana nabelungu bamapulazi yize wayeyinduna yenkosi. Ubuqotho benkosi uSalimani benza ukuthi angambulali kodwa unika ithuba abafowabo ukuba babeke uvo lwabo. Uyamhlawulisa ngalesi senzo sakhe. Ukhombisa ukuthi uma wenze okubi ungekho qotho uyajeza.
- Uhulumeni esebenzisa uZithulele wenza ubuqili ukhohlisa iNkosi uSalimani ngokumtshela ukuthi imingcele yagudluka. Uthi indawo yeNkosi uSalimani ifanele ukubuyiselwa kobelungu ngoba kwakungeyabo.
- UZithulele ufuna isu lokuthi ithweswe icala iNkosi uSalimani, kufika oNongqayi nabantu basemapulazini bahlasela amabutho kwaMcondo kuyaliwa, kulimala abantu abaningi basemapulazini bafe.

- Kuboshwe oNomehlo ngokuthi athi yibona abasukele abantu bakaMgqabula ngenhloso yokuthi izwe uzophucwa uSalimani.
- Uthenga uMphiliphili ukuthi ajikele uNomehlo ngokufakaza enkantolo eMgungundlovu ukuthi abantu bakaMgqabula basukelwa ngamabutho emzini kaMcondo.
- Ubuqili bakhe bubonakala enkantolo yaseMgungundlovu lapho icala lilahla uhulumeni lithethe iNkosi uSalimani kuhlawuliswe uhulumeni ngokuthi akhokhe zonke izindleko zasenkantolo.

ISIPHETHO

Umlingiswa uSalimani babukhombisile ubuhlakani nobuqotho wakwazi ukunqoba izinkinga abhekene nazo kanti laba abalingiswa abenze ubuqili bagcina sebengene ezinkingeni.

Abantu mabazifundise ukubhekana nezinkinga, bazixazulule ngendlela enobuhlakani, ubuqotho hhayi ngobuqili.

(Abafundi bangasebenzisa namanye amaphuzu ukuphendula umbuzo.)

[Nikeza amamaki ngokuveza i-esityi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha]

[25]

UMBUZO 19 (UMBUZO OMFUSHANE)

AWUWELWA UMNGENI – M Gcumisa

- 19.1 UNongejeni ubaluleke ngokuthi ungutolika uma uSomtsewu ekhuluma neNkosi uSalimani.
[Nikeza imaki elilodwa uma ekushilo ukubaluleka kokuvezwa komlingiswa] (1)
- 19.2 Isimo senhlalo esivezwa kulesi siqeshana sihle ngoba yize bezokhuluma udaba olubucayi oSalimani noSomtsewu kodwa naye uSomtsewu uyayamukela kahle inkosi uze uyinika nethuba lokuthi isho lokho ekhala ngakho
[Nikeza amamaki amabili uma exoxile kafushane ngesimo senhlalo] (2)
- 19.3 Isu elisize uSalimani ukuthi agcine ezikhulumela yena mathupha noSomtsewu ukuthi aphoqe azizele ngenkani ungahleliwe umhlangano. Ukwenze lokho ngoba ebona ukuthi kuthulekile ngasohlangothini lukaSomtsewu yize noma ayekade efake isicelo sokuthi babonane.
[Nikeza amamaki amathathu uma echaze isu wasekela] (3)
- 19.4 Ithoni phakathi kukaSomtsewu noSalimani ekulesi siqeshana ayifani ngoba uSomtsewu unokuchwensa kanti uSalimani unethoni yokuthobeka. USomtsewu uchwensa uSalimani ngoba ethi umane watheleka nje engashongo ukuthi akeze kanti uSalimani uyazithoba ngoba uyafuna ukukhuluma noSomtsewu
[Nikeza amamaki amathathu uma eyiqhathanisile ithoni] (3)
- 19.5 Ngicabanga ukuthi uMphiliphili wakhetha ukudayisa ngenkosi nesizwe sonke sayo ngenxa yomhobholo wemali. Abelungu babemthengile ngemali ukuze abe yimpimpi yabo.
[Nikeza amamaki amabili uma enikezile imicabango yakhe wasekela]
[Nezinye izimpendulo ezinembayo] (2)

- 19.6 Ngizazwelana nayo ngoba abelungu kanye nohulumeni bazama amaqhinga okwehlisa iNkosi uSalimani isithunzi ngokuthi bafuna ukuyiphuca umhlaba wayo.
[Nikeza amamaki amathathu uma ewuvezile umbono wasekela]
[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (2)
- 19.7 Okwenzeka enkundleni yokudlalela ukuthi abantu abaningi abesilisa nabesifazane, amabutho nezinduna bahlangene eTsheni. Abanye baphuza utshwala abanye bayasina.
[Nikeza amamaki amabili uma ekushilo okwenzeka enkundleni] (2)
- 19.8
- Imbangela edale ukuthi uNomehlo noMphiliphi behle benyuka ukuthi kwabe kunabantu abaningi.
 - Babefuna ukwenza isiqiniseko sokuthi akusuki uthuthuva ngenxa yonongqayi ababegaxe izibhamu.
- [Nikeza amamaki amabili uma efingqile] (2)
- 19.9 Indlela umlingiswa onguBheswa enza ngayo izinto imveza njengomlingiswa onenhlonipho nowaziyo umsebenzi wakhe. Uphathela inkosi isihlalo sayo. Lokho kukhombisa intobeko nokwazisa isihlalo sobukhosi senkosi uSalimani.
[Nikeza amamaki amabili uma echaze ukuvezwa komlingiswa onguBheswa wasekela] (2)
- 19.10 USomtsewu noSalimani abawabuki ngendlela efanayo amalungelo abantu. USomtsewu akawahloniphi amalungelo abantu abamnyama, yingakho eqola umhlaba wenkosi uSalimani. Inkosi uSalimani iyawahlonipha amalungelo abantu, yingakho yanikeza abantu ithuba lokuthi bazikhethele phakathi kwabelungu nenkosi uSalimani ngokusebenzisa ubhontshisi omnyama nomhlophe.
[Nikeza amamaki amathathu uma eqhathanisile, wasekela]
[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (3)
- 19.11 Umyalezo otholakala kubohlololo lalo mdlalo owokuthi yinde ingalo yomthetho. Uhulumeni kaSomtsewu ubezitshela ukuthi abelungu babezitshela ukuthi uzozenzela intando yakhe emhlabeni wenkosi engazi ukuthi umthetho uzodlala indima yawo, ligcine liyithethile icala inkosi uSalimani.
[Nikeza amamaki amathathu uma exoxile ngomyalezo webohlololo wasekela]
[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (3)
- [25]**

UMBUZO 20 (UMBUZO OMUDE)**UBHUKU LWAMANQE – EJ Mhlanga**

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-34 ukumaka i-eseyi.

ISINGENISO:

Ngicabanga ukuthi abantu abaningi bayaye behluleke ukuyeka ukuphuma ebugebengwini uma kade bephila ngabo isikhathi eside. Abanye abalingiswa kulo mdlalo bahlulekile ukuphuma ebugebengwini baqhubekile nabo bagcina ngokuboshwa.

UMZIMBA:

Ohlolwayo angasebenzisa la maphuzu alandelayo namanye amayelana nendlela abalingiswa abahluleke ukubheka nezinkinga ezibakhungethe kulo mdlalo:

- UPhindisiwe wenza ubugebengu bokuqoma uNkululeko ebe eshadile ngenxa yokuthi umyeni wakhe uhambe ngokomsebenzi futhi ufuna imali kuNkululeko.
- UPhindisiwe wenza ubugebengu ushayisa ingane ngemoto uyayibulala akasibiki emaphoyiseni lesi sigameko kunalokho uyaqhubeka wenza esinye isigameko sobugebengu.
- UPhindisiwe usulela uNkululeko ngecala lokushayisa ingane. Lokhu kuwubugebengu ngoba kwakumele alivume icala ajeze yena ngecala alenzile.
- Ukujwayela ubugebengu kukaPhindisiwe kuyadlondlobala ufihlela umyeni wakhe ukuthi uZiphozonke akuyona ingane yakhe.
- UPhindisiwe uyaqhubeka nobugebengu ukukhombisa lokhu ngokwazisa uNkululeko ukuthi izikhiye zasebhangeni zihlala kuSarah. Lokho kwamveza njengomuntu osebujwayele ubugebengu nongazimisele ukuphuma kubona.
- UNkululeko wenza ubugebengu ngokufihla ubugebengu bukaPhindisiwe bokuthi ubulale ingane aze agwetshwe iminyaka ngecala angalenzanga. Ukwenza lokho ngenxa yokufuna imali.
- UNkululeko akafundi emaphutheni akhe kodwa emuva kokuboshwa ubuya udlondlobalisa ubugebengu bakhe, uya kwaMathonsi kubo kaThamsanqa ephethe incwadi yomshadombumbulu phakathi kwakhe noPhindisiwe kanye nesithombe esisikwe ephephandabeni, 'Ifa Lamehlo'. Isithombe kwakungesabo somshado benoPhindisiwe. KaMathonsi ubatshela ukuthi umfana wabo uThamsanqa uhleli nomndeni wakhe.
- Ngaphandle kokungahloniphi kukaNkululeko uphinde akhombise ukuba yisigebengu ngokugcwaneka aze akhombise abantu abadala uMathonsi nomkakhe uMaMhlango ngevolovolo.
- UMaqoma noSikela abangani baNkululeko abesebenzisana naye ekwenzeni ubugebengu. Bayaphindaphinda ukwenza ubugebengu abafundi emaphutheni abo.
- Emuva kokuthi uMaqoma, uSikela, uNkululeko kanye noPhindisiwe sebefikile ebhange e-Forum ukuzontshontsha, ikhamera iqopha uPhindisiwe eba imali abengayifakanga emshinini we-ATM bayabanjwa baboshwe bonke.

ISIPHETHO

Abalingiswa abaningi babonakele ukuthi baqhubekile nokwenza ubugebengu. Lokhu kudala ukuthi bagcine sebesezinkingeni empilweni baboshwa.

Abantu mabazifundise ukuguqula impilo yabo, bangaqhubeki nokwenza ubugebengu ukuze bangweme ukuboshwa.

(Abafundi bangasebenzisa namanye amaphuzu akhombisa ukuthi abalingiswa abajwayele ubugebengu bayehluleka ukuphuma kubo ukuphendula umbuzo.)

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/izimpendulo ezinganikeziwe lapha]

[25]**UMBUZO 21 (UMBUZO OMFUSHANE)****UBHUKU LWAMANQE – EJ Mhlanga**

- 21.1 Kusinda kuyehlela.
[Nikeza imaki elilodwa uma ewatomulile amazwi] (1)
- 21.2 Isimo senhlalo sihle ngoba ubudlelwano phakathi kukaThamsanqa noMathonsi buhle. UThamsanqa uphatheke kabi ngenxa yezinkinga abhekene nazo. Yize ekhathazekile kodwa uyise uMathonsi umqinisa idolu ukuthi akazikhulume lezi zinkinga ngoba zizodlula.
[Nikeza amamaki amabili uma esixoxile kafushane isimo senhlalo] (2)
- 21.3 Isu lokujejeza emuva lihambelana kahle ngoba uMathonsi uyachaza ukuthi wayemtshelile ngesikhathi semisinga yeshisandlu emshadweni, okuyizimo ezingefani kuhle kwesimo sezulu. Lokhu kuyahambelana nenkulumo abayixoxayo njengoba uThamsanqa esezinkingeni emshadweni wakhe noPhindisiwe ngokwale nkulumo abayikhulumayo.
[Nikeza amamaki amathathu uma exoxe kafushane isu] (3)
- 21.4 Ithoni etholaka kule nkulumo ayifani. UThamsanqa unethoni yokudangala/ukuphelelwa yithemba ngenxa yezinkinga eziningi anazo kanti uMathonsi unethoni yethemba yingakho emmisa isibindi sokuthi konke kuzolunga.
[Nikeza amamaki amathathu uma eyiqhathanisile ithoni] (3)
- 21.5 Ngicabanga ukuthi wayengamthandi ngokweqiniso ngoba ukuba wayemthanda wayengeke athandane nomunye umuntu ebe eshade naye aze amfihlele nokuthi ingane akusiyona eyakhe. Wayezifunela umuntu ozomlekelela ukukhulisa izingane zakhe ezazingamawele noZiphozonke. Noma wayesefuna ukulungisa isimo noma isimilo sakhe
[Nikeza amamaki amabili uma esho umcabango wakhe wasekela] (2)
- 21.6 Ngiyavumelana ngoba endabeni kuyavela ukuthi uThamsanqa wayesezamile ukuxoxisana noPhindisiwe mayelana nodaba lobudlelwano bakhe noNkululeko owayelokhu emshayela ucingo. Lokhu kwenza uThamsanqa agcine esembeka isandla.
[Nikeza amamaki amabili uma evumelana wase esekela] (2)

- 21.7 Isizathu esidala inkulumo-mpendulwano phakathi kwalaba balingiswa esokuthi babonisana ngokubaluleka kokubikela amaphoyisa mayelana nezinsongo zokuhlaselwa ezenziwe uNkululeko.
[Nikeza amamaki amabili uma esinikezile isizathu senkulumo-mpendulwano] (2)
- 21.8 Elinye isu elalingasetshenziswa nguThamsanqa kwakuzomele athathe ummeli ozomeluleka ukuthi alusingathe kanjani lolu daba lwezinsongo.
[Nikeza amaki amabili uma elishilo isu] (2)
- 21.9 Indlela umlingiswa onguNkumbulo abuka ngayo izinto imveza njengomlingiswa onothando, oqotho noncomayo. Uyakwazi ukusiza umngani wakhe uma esenkingeni, uyamgqugquzela umnika nethemba. Uyambonisa ngezinyathelo angazithatha ukubhekana nodaba lomshado wakhe./ Uyakuncoma okuhle emshadweni kaThamsanqa.
[Nikeza amamaki amabili uma echaze kafushane ukuvezwa komlingiswa wasekela] (2)
- 21.10 Indlela abakhuliswe ngayo ayifani. Umlingiswa onguThamsanqa ukhuliswe kahle ngobuqotho nangeqiniso, bayamkhuza abazali bakhe mayelana nokuthatha ngamawala ngodaba lomshado wakhe. UPhindisiwe ukhuliswe kabi ngobuqili, uMaKhangela wamnika nemali yemvalamlomo ukuze uNkululeko amthwalele icala lokushayisa ingane.
[Nikeza amamaki amathathu uma eqhathanisile wasekela] (3)
- 21.11 Umyalezo etholakala kubohlololo lalo mdlalo owokuthi kuhle ukuxolisa kumuntu omonile kube kuye ukuthi uyalwamukela noma akalwamukeli uxolo lwakho. Lokho kwenza unembeza wakho uhlale umsulwa. UThamsanqa kungenzeka ukuthi naye wamxolela uPhindisiwe yingakho waphuma unyembezi emuva kokufunda incwadi yakhe.
Nikeza amamaki amathathu uma exoxile ngomyalezo]
[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (3)

[25]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 25
AMAMAKI ESEWONKE: 80

IRUBHRIKHI YOLIMI LWASEKHAYA**ISIQEPHU A: IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBUZO OMUDE WENKONDLO [AMAMAKI AYI-10]**

Izinkomba	Kuhle kakhulu	Kuhle	Kuyagculisa	Akugculisi kahle	Akugculisi nhlobo
OKUQUKETHWE	5–6	4	3	2	0–1
Ukuhunyushwa kwesihloko Amaphuzu anobunzulu, ukusekela kanye nokuqonda kabanzi ithekisthi. 6 AMAMAKI	-Ukuhunyushwa kwesihloko okunzulu -Amaphuzu amahle kakhulu ahlukene asekelwe kabanzi kubhekiswe enkondlweni -Ulwazi oluhle kakhulu lwenkondlo.	-Ukhombisa ulwazi ngesihloko futhi usihumushe kahle -Impendulo echaza ngokwenelisayo -Amanye amaphuzu anembayo kodwa awasekeliwe onke ngendlela elindelekile -Ulwazi lwenkondlo luhle.	-Isihloko usihlaziye ngokugculisayo -Akhona amaphuzu amahle asekelisa isihloko -Amanye amaphuzu asekelile kodwa ubufakazi bubuye bungagculisi kwenye inkathi -Ulwazi lwenkondlo olugculisayo.	-Ukuhunyushwa kwesihloko akugculisi kahle -Kuthukela kuvela amaphuzu asekelisa isihloko -Ulwazi lwenkondlo alugculisi kahle.	-Akanalo nhlobo ulwazi lokuphendula inkondlo -Akukho nhlobo okuhambisana nenkondlo -Ohlolwayo akanalo nhlobo ulwazi lwenkondlo.
ISAKHIWO KANYE NOLIMI	4	3	2	1	0–1
Isakhiwo, ukugeleza okuhlelekile kwamaphuzu kanye nokwethula Ulimi, ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe embuzweni omude. 4 AMAMAKI	-Isakhiwo esihleleke kahle kakhulu -Amaphuzu ahleleke kahle kakhulu futhi athungelana kahle kakhulu -Ulimi, ithoni kanye nesitayela kukhombisa ukuvuthwa komqondo, kuyaheha futhi kushaya emhlohlweni -Ulimi, ukupelwa kwamagama kanye nezimpawu zokuloba akunamaphutha nhlobo.	-Isakhiwo esihleleke kahle futhi amaphuzu ageleza ngokulandelana kahle -Ukugeleza kwamaphuzu kuyalandeleka -Ulimi, ithoni kanye nesitayela kahle.	-Kukhona nokho ukuhleleka kwesakhiwo -Amaphuzu awagelezi futhi awahlelekile -Amaphutha olimi ayingcosana, ithoni kanye nesitayela kusetshenzisiwe ngokugculisayo.	-Isakhiwo sikhombisa amaphutha ezingeni lokuhleleka -Amaphuzu awahlelekile ngokugculisayo -Ulimi lunamaphutha amaningi -Ithoni nesitayela akugculisi kahle.	-Isakhiwo asihlelekile kahle neze -Ulimi lunamaphutha amaningi kanye nesitayela esingagculisi neze. -Awekho amaphuzu ahambelana nesihloko.

QAPHELA:Uma ohlolwayo engazange abhale sanhlobo ngokubuziwe, waqoka ukuziqmbela i-eseyi akatholi lutho amamaki okuqukethwe kanye nesakhiwo nolimi

ISIQEPHU B KANYE NESIQEPHU C: IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBUZO OMUDE WOMBHALO WOBUCIKO: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO KANYE NOMDLALO [AMAMAKI ANGAMA-25]

Izinkomba	Kuhle kakhulu	Kuhle	Kuyagculisa	Akugculisi kahle	Akugculisi nhlobo
OKUQUKETHWE	12–15	9–11	6–8	4–5	0–3
Ukunyushwa kwesihloko Amaphuzu anobunzulu, ukusekela kanye nokuqonda kabanzi ithekisthi. 15 AMAMAKI	-Impendulo enembayo: -Impendulo enhle kakhulu: -Ukunyushwa kwesihloko okunzulu -Amaphuzu ahlukene anembayo nokusekela okunembayo okususelwe embhalweni -Ulwazi oluhle kakhulu lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo.	-Ukhombisa ukuqonda kanye nokuhumusha isihloko kahle -Impendulo echaza ngokwenelisayo -Amanye amaphuzu anembayo kodwa akusiwo wonke asekelwe ngendlela elindelekile -Ulwazi lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo luyabonakala.	-Ukhumusha isihloko ngokugculisayo; akuzona zonke izingxenywe ezicaciswe kabanzi -Kunamaphuzu ambalwa amahle asekela isihloko -Amaphuzu ambalwa asekeliwe, kodwa ubufakazi bubuye bungagculisi -Ulwazi olungenele lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo.	-Ukunyushwa kwesihloko akugculisi kahle; kuthukela kuvela amaphuzu asekela isihloko ngokucacile -Amaphuzu ambalwa asekela isihloko -Amaphuzu amancane ahambisana nesihloko -Ulwazi oluncane lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo.	-Ulwazi oluncane kakhulu lwesihloko -Umzamo ontekenteke wokuphendula umbuzo -Amaphuzu awanelisi nhlobo -Ohlolwayo akanalo nhlobo ulwazi lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo
ISAKHIWO KANYE NOLIMI	8–10	6–7	4–5	2–3	0–1
Isakhiwo, ukugeleza okuhlelekile kwamaphuzu kanye nokwethula Ulimi, ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe embuzweni omude. 10 AMAMAKI	-Isakhiwo silandelana kahle kakhulu -Isingeniso kanye nesiphetho okuhle kakhulu -Amaphuzu abekeke kahle kakhulu futhi athungelana kahle -Ulimi ithoni kanye nesitayela kukhombisa ukuvuthwa, kuyancomeka futhi kushaya emhlolweni.	-Isakhiwo esihle kanye namaphuzu ahleleke kahle -Isingeniso, isiphetho kanye nezinye izigaba kuhleleke kahle -Amaphuzu ageleza kahle -Ulimi, ithoni kanye nesitayela kuhle.	-Isakhiwo siyabonakala kancane -Ukugeleza kanye nokulandelana kwamaphuzu kuyabonakala, kodwa kunamaphutha -Amaphutha olimi ambalwa; ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe sifanelekile -Izigaba eziningi zibhaleke kahle.	-Isakhiwo sikhombisa amaphutha ekuhloleni kwaso -Amaphuzu awahlelekile kahle -Amaphutha olimi agqamile -Ithoni nesitayela kusetshenzisiwe ngokungafanele -Ukuleleka kwezigaba kunamaphutha.	-Ukungabibikho kwesakhiwo esihleliwe kuphazamisa ukugeleza kwamaphuzu -Amaphutha olimi kanye nesitayela esingalungile kwenza lo mbhalo ungabi yimpumelelo -Ithoni nesitayela kusetshenzisiwe ngokungafanele -Ukuleleka kwezigaba kunamaphutha.
UKWABIWA KWAMAMAKI	20–25	15–19	10–14	5–9	0–4

- Akufanele kube nomehluko odlula amazinga amabili phakathi kwamamaki esakhiwo nolimi kanye namamaki wokuqukethwe.
- Impendulo yokuziqambela kufanele inikezwe u-0 kokuqukethwe no-0 isakhiwo nolimi.

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha